AEQUAM SERVARE MENTEM

Sastri College
IsiKhungo SeziLimi
IsiZulu Ulimi Lokuqala Lokwengeza
Ukuhlolwa kukaNdasa (March Exam) 2020

IBANGA LESHUMINAMBILI (Grade 12)

Umhleli: Z.Nzama
Umcubunguli: N.E Bhengu

Isikhathi: Ihora eli- 1
Umklomelo: 40

IMIYALELO

1. Iphepha linamakhasi ayisi- **8**
2. LineziQEPHU EZINTATHU
   ISIQEPHU A: Isifundo sokuqondisisa **(15)**
   ISIQEPHU B: Ukufingqa. **(10)**
   ISIQEPHU C: Uhlelo nokusetshenziswa kolimi. **(15)**
3. Bhala uphendule yonke imibuzo ngolimi ohlolwa ngalo.
4. Qala isiqephu ngasinye ekhasini elisha.
5. Dwebela umugqa emva kombuzo ngamunye.
6. Ungaziguquli izinombolo zibhale zinjengoba zinjalo.
7. Bhala ngobunono nangesandla esicacile.

ISIQEPU A: ISIFUNDO SOKUQONDISISA
UMBUZO 1

1.1 Funda isiqephu ngezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

Kuyajabulisa ukubona ukuthi abantu abampisholo bazama ukubuyela ezintweni zabo ngokugcina ubuzwe babo, okungamasiko nemikhuba ehambisana nalokhu abakholelwa kukho.

Kunika ithemba futhi ukubona izinhlaka ezahlukene ezweni lethu zikhumbula ukuthi zingobani ngokwemvelaphi yazo nanokukhombisa umhlaba wonke ukuthi zizigqaja kanjani ngezilimi nangamasiko azo.

Kukuhle kunjalo kuyaphawuleka kodwa ukuthi ekuzigqajeni kwabo kunendawana ebukeka ikhombisa ukucwasana nokobukelana phansi phakathi kwezinye ezimpisholo ngokwehlukana kwazo. Isibonelo: Kuvame ukuthi amaXhosa agxekwe nokuthi azitshela ukuthi ahlakaniphile futhi angcono ngoba anesiko lokweluka, okungathi lingcono kunawezinye izinhlanga. Lokhu kugxekana sisodwa ngikubona kungasakhi kodwa kusibuyisela emuva.

Kunezinhlanga ezibukela ezinye phansi kube sengathi amasiko azo aphucuzekile futhi aphusile kunawezinye, kanti lokho akulona iqiniso . Iqiniso lithi sonke nokwehlukana kwethu ngezinhlanga, sinamasiko ahlukene kodwa wonke abalulekile futhi kawekho ngcono kunawezinye izinhlanga, abalulekile kulabo abakholelwa kuwona.

Abanye baze basabalalise izimfundisoze ezithi isizwe esithile sihlakaniphile ukudlula esinye. Yilezo zimfundisoze ezisenza sigcine sesingahloniphani, sibukelana phansi futhi sicwasana. Lo mkhuba wokucwasana uhamba uze ufike lapho kwakhiwa khona ubuhlobo nokuganana, uthole ukuthi umuntu omganile noma okuganile akahlonishwa ngenxa yokuthi ungowesizwe esihlukile kwesalapho agana noma aganwa khona.

Kunezinhlanga eziwubhebhethekisayo lo mkhuba omubi wokucwasana kusukela ezimfundisweni zakhona ngoba indlela okufundiswa ngayo nokukhuliswa ngayo abantwana, yiyona eba nomthelela ngenxa yokuthi kukhulunywa kabi ngezinye izinhlanga zigxekwe.

Kwesinye isikhathi abazali baze bakusho ngisho ukusho ukuthi ezabo izingane zingafiki nomakoti noma abayeni bezizwe ezithile. Le nkulumo iyakhela engqondweni yengane , ikhule nayo mhlawumbe bese igcina ilahlekelwa ngumuntu ebizophathana kahle naye emshadweni ngenxa yokuthi ayifuni ukudumaza abazali bayo nokuphambana nabayitshela khona ngezinye izinhlanga.

Abanye abazali baze bakuthathe ngokuthi izingane kazibahloniphi uma zigana noma ziganwa ngabohlanga oluthile abangahambisani nalo. Kwesinye isikhathi baze bakusho ukuthi lowo mshado ngeke ube nazo izibusiso futhi ungaphela noma yinini ngoba kuthathwe umuntu wohlanga oluthile walethwa kuleli khaya.

Uthola bemetha amagama okucwasa, akhombisa ukuthi kabamamukeli, bamcwase kube sengathi yinto elungile ukuthi bambize kanjalo kanti bagxeka ubuhlanga bakhe.

Esinye isizwe esigqamile ngokubhekana nale nkinga yokucwaswa ngokobuhlanga ngesamaShangane kanti nawo amaZulu uma efika kwezinye iziFundazwe, kuyenzeka ahlangabezane nezimbila zithutha ziholwa ngemhlope phambili. Sengathi singabantu besingakufunda ukuhlonipha omunye nomunye, siyeke ukubukelana phansi nokucwasana okungenasidingo.

1.1.1 Yisho isiko lamaXhosa okukhulunywe ngalo endabeni. **(1)**

1.1.2 Ngobani laba umbhali athi bayacwasana. **(1)**

1.1.3 Caphuna isaga esisetshenzisiwe endimeni yokugcina. **(1)**

1.1.4 Phinda unikeze incazelo yesaga osinike ngenhla. **(2)**

1.1.5 Yini le enconywa umbhali wendaba ngezizwe ezimpisholo. **(1)**

1.1.6 Iyiphi lemfundisoze eshiwoyo ngesizwe samaXhosa. **(1)**

1.1.7 Yisho ukuthi la mazwi angumbono noma ayiqiniso bese uyasekela:

Abanye abazali baze bakuthathe ngokuthi izingane kazibahloniphi uma zigana noma ziganwa ngabohlanga oluthile abangahambisani nalo. **(2)**

1.1.8 Khetha okufanele ngezansi:

Abantu abampisholo
A) AmaXhosa
B) Abantu abamnyama
C) Abezizwe. **(1)**

1.2 Bukisisa isithombe ngezansi bese uphendula imibuzo ezolandela

1.2.1 Buyini ubulili balo muntu ofuna ukushayiswa. **(1)**

1.2.2 Ngokubona kwakho kungani laba ababili bebizwa ngala magama ababizwa ngawo? Chaza. **(2)**

1.2.3 Kukhona okungahambisani nesiko lapha esithombeni. Chaza ukuthi yikuphi. **(2)**

[15]

Amamaki Esiqephu A: [15]

ISIQEPHU B: UKUFINGQA
UMBUZO 2

Fundisisa lesi siqeshana bese usifingqa ngamazwi akho aphakathi kwamagama angama- **50** kuya kwangama –**60** . Bhala amaphuzu ayisikhombisa kuphela.

INDLELA EYA EMPUMELELWENI INZIMA

Impumelelo iza emva kokusebenza kanzima. Ukuzimisela nenhlanla nakho kudlala eyakho indima ekutholeni impumelelo. Isimo somqondo sibaluleke kakhulu ekutholeni impumelelo empilweni. Impumelelo iqala ngombono, bese kuphenduka kuba yiphupho. Okubalulekile ukuthi lowo ofuna impumelelo abe nesiqiniseko ukuthi iphupho lelo analo ngelakhe, ayi elabangani bakhe noma abazali bakhe. Kubalulekile ukuthi umuntu abhekisise ukuthi lelo phupho lingaphumelela yini. Uma amathuba okuthi liphumelele emakhulu, kuhle ukuhlela ukuthi lokhu kuzokwenzeka kanjani. Ukuhambisana kwephupho nethalente umuntu analo kwenza ukuthi kube lula ukufinyelela empumelelweni.

Wonke umuntu ufisa ukuzibona ephumelela empilweni. Ziningi iznto abantu abafisa ukuphumelela kuzo. Kungaba yisemshadweni, emsebenzini, emabhizinisini nakwezinye izinto empilweni. Akusiye wonke umuntu ophumelelayo. Ukuze umuntu aphumelele kubalulekile ukuthi azazi yena , azi ukuthi usukaphi, uyaphi futhi ufunani empilweni. Okubalulekile kakhulu ukuthi umuntu aqonde kahle okumele kumlahlekele ukuze athole impumelelo. Ngenxa yobulukhuni bendlela eya empumelelweni , baningi abakhathala endleleni.

Isikhathi esiningi abantu abangaphumeleli bahlale benezizathu zokungaphumeleli kwabo. Basola abanye , bakhale ngemvelaphi yabo, isimo emphakathini, imithetho kahulumeni nokungafundi. Ophumelelayo uzitshela ukuthi noma zikhona lezi zinto ezibhalwe ngenhla kodwa uzophumelela. Umuntu ofisa noma ofuna impumelelo uyazi ukuthi izinkinga ngeke zingabi khona kodwa akazivumeli ukuthi zime endleleni yakhe yokuphumelela. Akalindi ukukhuthazwa abanye ukuze aphumelelise iphupho lakhe. Akasoli muntu ngobunzma azithola ekubona ngenxa yokufuna ukufeza iphupho lakhe. Uyazi ukuthi nguyena okufanele asebenze kanzima ukuze amaphupho akhe aphumelele.

Umuntu ofuna impumelelo kumele adele okuthile , njengokuzijabulisa , ukuchitha isikhathi nabangani, ubuthongo imbala kanye nomndeni wakhe. Impumelelo akuyona eyabo bonke abantu, kodwa ngeyabantu abanomqondo ohlakaniphile.

AMAMAKI ESIQEPHU B: [10]

ISIQEPHU C: UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI
UMBUZO 3

3.1 Bukisisa iposta bese uphendula imibuzo ezolandela.



3.1.1 Kungani amagama amakhulu ebhalwe nokugqamile? **(1)**

3.1.2 Ngubani omema lo mcimbi? Igama langempela. **(1)**

3.1.3 Wayezalwa ngubani uCetshwayo? **(1)**

3.1.4 Lungisa upelomagama emgqeni wesibili nowesikhombisa. **(2)**

[5]

UMBUZO 4

4.1 Funda isiqeshana ngezansi bese uphendula imibuzo ezolandela

Osaziwayo babhala imizimba okungenza kube nomthelela *omubi* kubantu. Abantu (bukela) kubo noma babhale *labo* saziwayo ababathanda kakhulu. Kuyingozi lokhu ngoba impilo *yomuntu* ishintsha njalo,

4.1.1 Shintsha umusho obhalwe ngokugqamile umenziwa aphenduke inhloko yomusho. **(2)**

4.1.2 Gcwalisa ngesivumelwano esifanele emshweni wesibili ubhale wonke umusho ukuze kuzwakale kahle. **(1)**

4.1.3 Caphuna amagama abhalwe ngomalukeke bese uyasho ukuthi ayiziphi izingcezu zenkulumo. **(2)**

4.2 Funda isiqeshana uphendule imibuzo ezolandela.

Wamuthi nhla uninalume, wavele wazibonela ukuthi njengoba emuthi fuhlalala ngephephandaba nje, zimnandi izindaba amphathele zona. **Umalume wathi uzomthengela isipho esihle umshana wakhe uma ephumelele ngamalengiso esikoleni.**

4.2.1 Caphuna izenzukuthi ezisetshenzisiwe endabeni. **(2)**

4.2.2 Guqula umusho obhalwe ngokugqamile ube yinkulumo qho. **(2)**

4.2.3 Yisho ukuthi silubhala kanjani lolu zingcezu zenkulumo esichazimazwini:
4.2.3.1 Ibizo **(1)**

[5]

AMAMAKI ESIQEPHU C: [15]
AMAMAKI ESEWONKE: [40]